education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL**
**SENIOR CERTIFICATE**

# IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## NOVEMBA 2009

## KZN

**AMAMAKI: 120**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-20.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isifundo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (60) |
| ISIQEPHU D: | Imibhalo | (20) |

3. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

4. Abahlolwayo mabafundisise YONKE imiyalelo ngokucophelela.

5. Kuphendulwe YONKE imibuzo ezigabeni A, B no-C kukhethwe umbuzo owodwa esigabeni D.

6. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

7. Akudwetshwe umugqa emva kwesiqephu ngasinye.

8. Hlela izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo embuzweni ngamunye.


9. Yeqa umugqa emva kwempendulo ngayinye.

10. Bhala ngobunono nangendlela ecacile.

## ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA (COMPREHENSION)

### UMBUZO 1

1.1 Funda le ndatshana engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:




[*BONA,* Zulu July 2008 **111**]

IMIBUZO:

1.1.1 Ubani umbhali wale ndaba? (1)

1.1.2 Bhala amagama abadlali abakhona kule ndaba. (4)

1.1.3 Khetha impendulo efanele:

(a) Igama elithi umjitha lisho ukuthini kule ndaba.

(i) Untanga
(ii) Umngani
(iii) Udadewethu (1)

(b) Isiduphunga umuntu onjani?

(i) Ohlakaniphile
(ii) Oyisiphukuphuku
(iii) Onesiphiwo (1)

(c) Onjani umuntu onsundu ngebala?
(i) Okhanyayo
(ii) Omnyama
(iii) Ongakhanyi ngebala (1)

1.1.4 Ngaphandle kwamagama ashiwo uChiskop esithombeni sokuqala yini okunye okukhombisa ukuthi ucasukile? Bhala kube KUBILI. (2)

1.1.5 Ngokucabanga kwakho njengoba ubheke isithombe sokugcina ku'Majimbos', uShoti usebalekelani manje? (2)

1.1.6 Igama elithi **ukusukela** lingaba nezincazelo ezimbili. Enye incazelo isho ukugijimisa umuntu. Chaza enye incazelo yaleli gama ngokwale ndaba. (2)

1.2 Funda le ndatshana bese uphendula imibuzo.

**UTUMISANG ongumethuli wohlelo I-YO TV ku South African Broadcasting Corporation - (SABC) owaphumelela kulo mncintiswano (competition) ngo-2005**

Kuma-auditions ayebanjelwe e-Gateway eThekwini kwakungenelele nentokazi engu-Tumisang Voster yase- Alberton eGoli. Owayezophumelela kulo mqhudelwano wayezothola ithuba lokuba kube nguyena ozoba umethuli wohlelo lodado lwe-Yo TV. Ezinye izindawo okwakuzobanjelwa kuzo lo mncintiswano kwakuyi-Fourways Mall, Clearwaters, Centurion Mall, Maponya Mall eseGoli kanye ne-Canal Walk eseKapa.

UTumisang owayefunda e-University of Johannesburg nguyena owaphumelela lo mncintiswano ngonyaka ka-2005. Njengoba kwasekubalwa izinsuku wasebenza umsebenzi omkhulu wokugqugquzela bonke ababezongenela lo mncintiswano ukuba babe nokuzethemba okukhulu ukuze baphumelele. Wabatshela ukuthi ukuba umethuli walolu hlelo akuyona into elula kodwa yinto efuna/edinga ukuthi umuntu azethembe futhi akwazi ukusebenzisana nabanye abantu. Waqhuba wathi ukuba ngumethuli walolu hlelo kwashintsha impilo yakhe. Waxwayisa intsha (youth) eyayifuna ukungenela lo mqhudelwano ukuthi akulula ukuba ngumfundi uphinde ube ngumethuli, kunzima. Waqhubeka wathi nokuba ngusaziwayo (umuntu odumile) akulula ngoba kufanele uzibheke ngaso sonke isikhathi ngoba abantu babukela kuwena.

1.2.1 Msebenzi muni osetshenzwa u-Tumisang? (2)

1.2.2 Isihloko siyasitshela ukuthi uTumisang wawuthola kanjani lo msebenzi. Bhala usho ukuthi wawuthola kanjani. (1)

1.2.3 Humushela (interpret) la magama asendabeni esiZulwini.

(a) University (1)
(b) Competition (1)

1.2.4 Bhala ngokugcwele lama – akhronimi.

(a) SABC (2)
(b) TV (2)

1.2.5 Ngaphandle kwase-Clearwaters yiziphi ezinye izindawo okuzohanjelwa kuzona ezibhalwe lapha endabeni? Bhala zibe MBILI. (2)

1.2.6 Bhala igama elinomqondo ofanayo naleli: "amalanga". (1)

1.2.7 Yini enye eyenza uTumisang athi akulula ukuba usaziwayo. Bheka esigabeni sokugcina endabeni. (2)

1.2.8 Bhala umusho okhombisayo ukuthi uTumisang unikeza intsha (youth) isexwayiso (warning). (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA (SUMMARY)

### UMBUZO 2

2.1 Fingqa le ndatshana ngamaphuzu (points) anamagama aphakathi kwama-40 ukuya kwama-50.

**Osopolitiki Ababalekele Amagama Asusa Impi**

ONgqongqoshe (ministers) bezobulungiswa (justice) nezokuphepha (security) nokuvikela (defence) sebecele osopolitiki base Ningizimu Afrika ukuthi bayekele ukusebenzisa amagama anenzondo uma bekhankasela ukhetho oluzoba ngonyaka ozayo. Basho lokhu ngenkathi bekhuluma nabezindaba endaweni yasePitoli. Kukhulunywe ngokuthi akufanele kusetshenziswe amagama angasusa impi nokuthi la magama angasetshenziswa kumathelevishini.

UNgqongqoshe wezokuphepha nokuvikela uMnu. Nathi Mthethwa uthe bazoqala ngokucela bonke abaholi bezepolitiki ukuthi bangenzi futhi bangakhulumi izinto ezizolwisa noma ezizoletha impi. Wonke amaqembu azimisela ukusebenza kanzima ukuze akwazi ukuncintisana (compete) okhethweni lwangonyaka ozayo. Lokhu kungenza ukuthi kugcine sekusetshenziswa amagama angafanele.

Ubuziwe uNgqongqoshe ukuthi ngabe bakhona yini osopolitiki asebeke babekwa amacala ngemuva kokukhuluma amagama amabi. Uphendule wathi: akekho umuntu oseke wabekwa icala ngalokhu. UNgqongqoshe wezobuhloli (intelligence) uMnumzane Siyabonga Cele uthe osopolitiki baphoqelekile (compelled) ukulandela imithetho ebekwe yi-Independent Electoral Commission (IEC). Uthe uma kungaba khona abakhalazayo (complain) ngalokhu kusetshenziswa kolimi ngendlela engafanele kuzokwenziwa uphenyo. UNgqongqoshe Wezobulungiswa, uMnu Enver Surty yena uthe osopolitiki banomsebenzi omkhulu wokufundisana nowokuziphatha ngendlela efanele. Uqhube wathi isishayamthetho okwamanje besingakabi nayo indlela yokulungisa lokhu kodwa sisalungisa uhlelo oluzokwazi ukuthi lubhekane nale nkinga.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI (LANGUAGE USAGE)

### UMBUZO 3

3.1 Funda isiqeshana esilandelayo bese ugcwalisa ezikhaleni ngamagama afanele. Khetha izimpendulo emagameni owanikezwe ngezansi.

| |
|---|
| enkantolo; lokho; necala; izanya; ukufunda; izinkabi; ukuthi; ovalweni; amaphoyisa; yesikole |

Basebenza bethuka 3.1.1 … othisha emuva kokubuya kukanobhala obhekene 3.1.2 … lokuthengela umphathisikole izinkabi. Labo thisha bahlalele 3.1.3 … Njengoba kuthiwa umangalelwa kusolakala 3.1.4 … wakhokhela lezi 3.1.5 … u-R20 000. Le mali kuthiwa wayikhipha kwi-akhawunti 3.1.6 … Okhulumela 3.1.7 … akule ndawo, uthe ummangalelwa uzovela 3.1.8 … ngoNovemba 20. Sekunomoyana wokuthi 3.1.9 … kuzophazamiseka ngoba othisha bayesaba, bese 3.1.10 … kulimaza abafundi. (10)

3.2 Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

> Uma izingane zibuya esikoleni zisuke seziyimvithi njengoba zibuye zidlale nebhola nabangani. Zisuke zingasakwazi ngisho nokwenza i-homework. Uma zisizwa ngabantu abanjengomama zizokwazi ukuba zisheshe ziyiqede i-homework yazo, futhi ziyenze kahle Kunezindlela zokusiza izingane ikakhulukazi emazingeni ase-primary ngaphandle kokuyenzela ingane umsebenzi wayo.
>
> Ukuthuthukisa izilimi ingane idinga ukufundiswa amakhono okufunda ukubhala, ukukhuluma nokulalela. Umzali uyayifundela igcine nayo isizifundela ngokwayo – kodwa kufanele ulokhu uyibheka ukuthi iqhuba kanjani ikakhulukazi eyomfana. Emuva kokufunda kufanele uyitshele ukuthi uzokuba nguthisha bese uyibizela amagama akulelo khasi (page). Ukuze ingane nomzali bawuthokozele, qalani ngamagama alula. Kubalulekile ukuthi ingane iwabhale phansi amagama, hhayi nje ukuwasho ngomlomo. Lokhu kuyayikhuthaza ingane ukuba izisebenzele.

3.2.1 Phinda ubhale imisho elandelayo ulungise ukulandelana kwemisho emagameni adwetshelwe

(a) Izingane zidinga ukusizwa abantu <u>abanjengaumama</u> (2)

(b) Ukufunda kuzoyithuthukisa ingane <u>empiloeni</u> yayo. (2)

3.2.2 Bhala amagama atholakala endabeni engenhla asho okufanayo nalawa adwetshelwe.

(a) Umzali kufanele azenze umfundisi ukuze yena nengane
(b) bawujabulele lo mdlalo wokufundisana. Lokho
(c) kuyayigqugquzela ingane ukuthi
(d) izenzele. Ulimi lugcina (10)
(e) lukhuphuka lufike ezingeni eliphezulu.

3.2.3 Nika amagama aphikisa adwetshelwe kule misho elandelayo bese uzakhela eyakho imisho ngawo.

(a) Abafana bayizingane ezithanda ukuqhutshwa. (3)

(b) Kufanele omama basize laphokudingeka khona. (3)

3.2.4 Bhala kabusha le misho elandelayo uqale ngegama elidwetshelwe.

(a) Izingane zidlala ibhola nabangani bazo. (2)

(b) Umzali uyibizela amagama ukuze iwazi kahle. (2)

3.2.5 Bhala le misho elandelayo ibe senkathini eyofika.

(a) Izilimi zithuthukisa amakhono. (2)

(b) Othisha bayalujabulela usizo lwabazali. (2)

3.2.6 Sebenzisa iziqalo ezahlukene kulesi siqu esithi **-funda** esingezansi ukwakha amagama amasha. Yakha abe MABILI. Bhala ubunye kuphela.

Isibonelo. -funda = **isi**fundo (2)

3.2.7 Sebenzisa amagama owakhe ngenhla embuzweni 3.2.6 wakhe imisho EMIBILI ngawo. (4)

3.2.8 Phinda ubhale le misho elandelayo uyenze iphike.

(a) Kunezindlela zokusiza emazingeni aphansi. (1)

(b) Abazali bazobheka ukuqhutshwa komsebenzi. (1)
**[46]**

**UMBUZO 4**

4.1 Funda lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo:

> Qaphela! Inyama yesilwane esizifele iyingozi!
> Vikela impilo yakho!
> Ungayidli inyama yenkomo noma inkukhu noma
> Ingulube etholakale isifile!
> Thenga kuphela inyama ehloliwe edayiswa
> ngokusemthethweni!
> Sonke siyayithanda inyama kodwa imba eqolo (expensive)
> Impilo yakho isemqoka.
> Vikela Impilo Yakho

4.1.1 Shono ukuthi le misho elandelayo iyimilayelo, umbuzo noma isitatimende.

(a) Kungabe kusiza ngani ukunakekela impilo yakho. (2)

(b) Thenga inyama ethengiswa ngokusemthethweni. (2)

(c) Sonke siyayithanda inyama kodwa iyabiza. (2)

4.1.2 Sebenzisa isisho "ukumba eqolo" emshweni kuvele ukuthi uyayazi incazelo yaso. (2)

4.1.3 Bhala umusho olandelayo ulungise amaphutha akhona kuwo.

Hawu abantu basepitoli abeve beyithanda inyama yenkukhu (4)

4.1.4 Bhala amagama noma amabinzana abe MABILI asesikhangisweni acacisa ukuthi lo mbhalo ongenhla (Uyasifundisa, Uyasixwayisa) (2)
**[14]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 60**

## ISIQEPHU D: IMIBHALO

**IZINCWADI EZIHLOLWAYO:**

- **INOVELI:** ***UMSHADO*** **– N ZULU**
- **INOVELI:** ***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI*** **– SJ MCHUNU**
- **UMDLALO:** ***ABABULALI BENYATHI*** **– RM MNGADI**
- **IZINKONDLO:** ***AMAHLOKOHLOKO*** **– EJ MHLANGA & JJ THWALA**
- **IZINDABA EZIMFUSHANE:** ***IZINYEMBEZI ZOTHANDO*** **– DBZ NTULI**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Phendula imibuzo ngencwadi eyodwa kuphela.
2. Incwadi iyinye inamamaki angama-20.

## UMBUZO 5: INOVELI

***UMSHADO*** **– N ZULU**

5.1 Funda umbuzo olandelayo bese ubhala impendulo ibe imigqa emihlanu.

Umuntu olahla amasiko izinto azimlungeli. Fakazela noma uphikise lo mbono usekele impendulo yakho ngamaphuzu amahlanu atholakala endabeni. (5)

5.2 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

> Kwabuye kwafika le nkinga yokusebenza kukaTholi. Akhumbule ukuthi sengathi akaze abone lutho nje uTholi ayethi olwasemsebenzini. Azitshele ukuthi uzombuza ukuthi usebenza kuphi kahle hle. Siphume isikole. Aqonde ekhaya uBheki. Ikhanda liyamsinda imicabango. Usola sengathi uzoshada nesigebengu.
> Amfice unina. Babingelelane.
> "Kanti lo mfelokazi wakho usebenzaphi?"
> "Kade umbona yini?"
> "Ngimbonela ukwenzani, ngimfunani nje?"
> "Ngifuna ukwazi ukuthi usebenza msebenzi muni. Ngeke uthi unguthisha ushade nomuntu osebenza emajalidini."
> "Akasebenzi khona ejalidini."
> "Usebenza kuphi pho?"
> "Sengathi usebenza efemini ethile."
> "Kufanele ngabe wambuza phela. Ngeke sivume thina ushade nomuntu ongafundile, ufunde kangaka."
> "Yonke leyo nto mama ayisho lutho. Okusemqoka kimi uthando, hhayi ukuthi umuntu ufunde kangakanani. Ngiyamthanda uTholi mama."

5.2.1 Ukhuluma nobani uBhekani lapha? (1)

5.2.2 Yini eyenza uTholi amfihlele uBhekani ukuthi wenza msebenzi muni? (1)

5.2.3 Yini eyenza kube nzima kuBhekani ukuthola ukuthi uTholi wenza msebenzi muni ebe ezoshada naye? (1)

5.2.4 Ukungazi kukaBhekani ngohlobo lomsebenzi olwenziwa nguTholi kusitshela ukuthi uBhekani uvezwe njengomlingiswa onjani? (1)

5.2.5 Lo oxoxa noBhekani ufisa sengathi ngabe uBhekani ushada nobani? (1)

5.3 Phendula imibuzo elandelayo.

5.3.1 Wayenza msebenzi muni uBhekani? (1)

5.3.2 Nikeza igama lendawo ayehlala kuyona uBhekani? (1)

5.3.3 Ubani igama lentombazane yomLungu eyayingumngani kaTholakele? (1)

5.3.4 Nikeza igama lomngani kaBhekani ayesebenza naye. (1)

5.3.5 Wayazi kanjani uBhekani ukuthi uyise usefuna aganwe yize ayesashona? (1)

5.4 Khetha impendulo eyiyonayona kulezi ozinikeziwe emibuzweni elandelayo bese ubhala impendulo ngokugcwele.

5.4.1 Umkhwenyana kaTholakele ayeshade naye ...

A Washada nenye intombazane.
B Washona.
C Wamshiya.
D Babesendawonye. (1)

5.4.2 U ... wayefuna kube nguyena ongena uTholakele engafuni nokuyizwa eyokuthandana kukaTholakele noBhekani.

A Tholakele
B Sbongile
C Pamella
D Lindiwe (1)

5.4.3 U ... wayefuna kube nguyena ongena uTholakele engafuni nokuyizwa eyokuthandana kukaTholakele noBhekani.

A Bhatomu
B Zenze
C Pamella
D Sfiso (1)

5.4.4 UBhekani waboleka uTholakele ... ukuze akhokhele ibheyili kaZenze ejele.

A Izinkulungwane eziyishumi
B Izinkulungwane ezintathu
C Inkulungwane eyodwa
D Ikhulu lamarandi (1)

5.4.5 UBhekani no Tholakele bagcina ...

A Beshadile.
B Bengashadanga ngoba amaphoyisa abopha umakoti emshadweni.
C Bengashadanga ngoba ingekho imali yelobolo.
D Bengashadanga ngoba uBhekani wakhulelisa enye intombazane. (1)

**[20]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: INOVELI**

***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ MCHUNU**

6.1 Funda umbuzo olandelayo bese ubhala impendulo ibe imigqa emihlanu.

Ukukhulisa izingane ngobuqotho akukuniki isiqiniseko njengomzali ukuthi izingane zakho nazo ziyokunakekela uma sezikhulile. Fakazela lo mbono ngokucaphuma amaphuzu awesekelayo endabeni. (5)

6.2 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

"Ngaphambi komkhuleko wasebusuku, esasikade sawugcina sindawonye, waphinda wasibuza futhi ukuthi sihlose ukuhamba nje singaziwa lapho siya khona? Savuma. Waqala umthandazo, waqeda. Ekugcineni wase esiluleka saphenduka izingane ngoba wasitshela ngendawo esiyaziyo futhi esingayicabanganga nasekuqaleni. Ukuba sayicabanga, ngabe asizange sicele usizo ezinganeni zethu, ngabe savele saziyela khona kwasekuqaleni. Lo mntwana wathi kunokuba sidwanguze singaziwa lapho sikhona, yena ubona kungcono ukuba siye kwaSizabantu kwaMaphumulo ngoba khona akucwasa muntu, kuthathwa noma yimuphi umuntu. "Umfundisi ikholwa elisiza wonke umuntu. Unika umuntu indawo nokudla bese ekunika okukhulu kunakho konke, ukudla komphefumulo. Kwantwela enzansi kithina sobabili.

6.2.1 Babekhuleka bekuphi uMchunu nowakwakhe? (1)

6.2.2 Yini eyayidala ukuthi kube nesikhathi bagcina ukukhuleka ndawonye? (1)

6.2.3 Yini eyayidala uMchunu nowakwakhe bathathe isinqumo sokuhamba bedavuza bengaziwa lapho baphelela khona? (1)

6.2.4 Lo ababekhuluma naye kulesi siqephu esingenhla wabaluleka ngokuthi kungcono baye kuphi kunokuduka nezwe? (1)

6.2.5 Ngabe basithatha yini iseluleko salo muntu ababexoxa naye? (1)

6.3 Phendula imibuzo elandelayo.

6.3.1 Wayeganwe nguMabani uMchunu? (1)

6.3.2 Wayenabantwana abangaki uMchunu? (1)

6.3.3 Iyona yiphi kumadodana kaMchunu eyamthatha yahlala naye emzini wayo yamhlukumeza? (1)

6.3.4 Unkosikazi kaMchunu yena wathathwa yiyiphi indodana? (1)

6.3.5 Babezohlangana kuphi uMchunu noNkosikazi wakhe mhla besuka emizini yamadodana abo? (1)

6.4 Khetha impendulo eyiyonayona kulezi ozinikeziwe emibuzweni elandelayo bese ubhala impendulo ngokugcwele.

6.4.1 UMchunu wayeyindoda eyithandayo imfundo ngoba ...

A Wayegqugqazela unkosikazi wakhe ukuthi afunde.
B Wayefunda ngasese waze wafika emabangeni aphezulu.
C Wayenikela ezikoleni ezazifunda izingane zakhe.
D Wayehlala efunda amaphephandaba. (1)

6.4.2 Umuzi kaMchunu wawugadwe ... ngesikhathi yena nonkosikazi wakhe bethathwe ngamadodona abo.

A Omakhelwane
B Umalume
C Umuntu owaqashwa ukuthi agade
D Wawungagadwe muntu (1)

6.4.3 Emva kokuhlukunyezwa yizingane zabo, iNkosi yamesula izinyembezi uMchunu nonkosikazi wakhe ngokuthi ...

A Bawine iLotto.
B Bawine emjahweni wamahhashi.
C Kwaphuma imali yempesheni kaMchunu ayekade ayilindela.
D Bathola indawo yokuhlala ezintandaneni. (1)

6.4.4 Izingane zikaMchunu zazi ngenhlanhla eyavelelela uyise nonina ...

A Ngokufunda ephephandabeni.
B Ngokuzwa emsakazweni.
C Ngokuxoxelwa abangani babo.
D Ngokuthola ucingo oluvela kuyise ebazisa ngenhlanhla esibavelele. (1)

6.4.5 UMchunu nowakwakhe bathathwa ... wayobalalisa kwakhe mhla bebonana emva kwesikhathi eside begcinana.

A Yiphoyisa
B Ngumfundisi
C Wunesi
D Nguthisha (1)

**[20]**

**NOMA**

## UMBUZO 7: UMDLALO

***ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

7.1 Funda umbuzo olandelayo bese ubhala impendulo ibe imigqa emihlanu.

Ukuziphakamisa kukaDuma yikona okwadala izinkinga kwashintsha isimo senhlalo endaweni. Caphuna amaphuzu afakazela lo mbono encwadini usekele ngawo impendulo yakho. (5)

7.2 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

(UDuma uhamba yedwa okhalweni. Sekuhlwile, ukhuluma.)

Duma: Cha usengcono uMbandlwa ngoba akasakhali ngekhanda elibuhlungu. Ngempela uMbandlwa uyofa lapho nami ngofela khona. Umdlula ngamalengiso uPetro waseBhayibhelini ngoba lowo wamphika uJesu ngesikhathi sobunzima. Izeluleko zikaMaShezi ngiyazizwa nje kodwa okushiwo uMbandlwa yikho engikukhethayo ngoba sasinaye sehla senyuka sizama ukufaka umzabalazo kule ndawo. Wo! Ukube sasingekho, izicashalala zenkosi zaziyowucisha nya umzabalazo wethu wokufaka umjovo wamandla omzabalazo wabantu.

**(Kukhale ikhwela emuva kwakhe. Libuye lizwakale elinye nangaphambili. Ame nse uDuma. Kuqhume isibhamu. Adideke manje kuhle komuntu osanganelwe yingqondo. Asuke inhlamvu, abaleke aze ayosithela.)**

7.2.1 Yini ekade igulisa uMbandlwa njengoba ethi uDuma usengcono? (1)

7.2.2 Unasikhundla sini uMbandlwa kule ndaba? (1)

7.2.3 Yini eyenza uDuma athi uMbandlwa uyofela lapho kufela khona yena? (1)

7.2.4 Ukungazithathi izeluleko zikaMaShezi kwaba namphumela muni empilweni kaDuma? (1)

7.2.5 Ukuthatha izeluleko zikaMbandlwa kona kwaba namphumela muni empilweni kaDuma. (1)

7.3 Phendula imibuzo elandelayo.

7.3.1 Unasikhundla sini uDuma endaweni? (1)

7.3.2 Yini eyayibanga ukungezwani phakathi kukaDuma nenkosi? (1)

7.3.3 Ubani umngani kaDuma owayemnika imibono engakhi? (1)

7.3.4 Ngubani igama lenduna yenkosi eyashaya yalimaza uMbandlwa? (1)

7.3.5 Ngubani igama lomfundisi okunguye owagcina esexazulule inkinga phakathi kukaDuma nenkosi yendawo. (1)

7.4 Khetha impendulo eyiyonayona kulezi ozinikeziwe emibuzweni elandelayo bese ubhala umpendulo ngokugcwele.

7.4.1 UDuma wayeganwe ngu:

A MaNgema
B MaShezi
C MaDlamini
D Mbandlwa (1)

7.4.2 UNdlunkulu wenkosi kwakungu:

A MaDlamini
B MaMkhize
C MaShezi
D MaNgema (1)

7.4.3 U ... wahamba waya koxoxisana noNdlunkulu wenkosi ngenhloso yokuxazulula inkinga eyayiphakathi kwenkosi noDuma.

A Mbandlwa
B Dlamini
C MaShezi
D Akekho kwababalwe ngenhla (1)

7.4.4 Ekhweni likaDuma kwaku ...

A KwaMashu.
B eNanda.
C eMlazi.
D eMgungundlovu. (1)

7.4.5 Ngokwendaba uDuma uvezwe njengendoda ...

A Enenkani futhi engaboniseki.
B Ezithobile futhi ehloniphayo.
C Engaganiwe.
D Engenabangani. (1)
**[20]**

**NOMA**

**UMBUZO 8: IZINKONDLO**

***AMAHLOKOHLOKO* – EJ MHLANGA & JJ THWALA**

8.1 Funda inkondlo elandelayo bese ubhala umqondo/okushiwo ngumlobi kuyona. Impendulo yakho ibe yimigqa eyishumi.

**Nonkululeko – NC Makhaya**

Nonkululeko ntokaz' enhle,
Kad' ufunwa nkalo zonke,
Imilomo ingavalwa ngawe,
Ufunw' ezintabeni zasemaweni,
Ufunw' emagqumeni nasezigodini,
Namhla ufunyenwe ntokazi enhle.

Nonkululeko ntokaz' enhle,
Ufunwe ngaphesheya nanganeno,
Wafunwa kuyo yonk'i-Afrika,
Wafunwa kuyo yonk'i-Eshiya,
Wafunwa kuyo yonk'iYurophu,
Wafunwa kuyo yonk'iMelika.

Nonkululeko siphalaphala sika-Afrika,
Ukufika kwakho kuleth' intokozo,
Yesul'izinyembezi zeminyaka,
Namuhla sisin'umphiqilo,
Sishay'indlamu, sichway'umchwayo,
Sisin'umphendu, sisin'umqokozo.

Nonkululeko ntokaz'enhle
Ulindwe ngokukhul'ukubekezela,
Ulindw'abanewenu bozalo,
Baguquk'imilalandle kweziny'izinkalo,
Begqok'izinxibi kwamany'amagquma,
Baguquk'iziduli zaphakade kwelemiphafa

Nonkululeko ntokaz'enhle
Ukufika kwakho kufana
Nokuqhamuka kwenhlamvu yelanga,
Ewukukhanya kwaphakade.
Ubukhona bakho bush'ukuhlabana
Okuyosala kungumlando waphakade.

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Uzel'uNokuthula sethaba,
Wazal'uNtuthuko sethaba,
Wazal'uNobuhle sethaba,
Wazal'uNolubambiswano sethaba,
Phila njalo ntokaz'enhle!

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Mana njalo kuleyo nqubo,
Qhubeka njalo kuleyo migomo,
UNolucwasano mfak'inhlanekela,
UNoluphithano mkhon'indlela,
Unomaqili mfudis'isifundo. (10)

8.2 Phinda ufunde le nkondlo elandelayo bese ubhala umqondo/okushiwo ngumlobi kuyona. Impendulo yakho ibe yimigqa emihlanu.

**Siphukuphuku Ndini – LMMS Madondo**

Siphuphutheki ndini ungisaphi?
Ungithubelezis' okwenkomo yokwebiwa,
Kwenzenjani engqondweni yakho?
Ujezisa ilungelo owaliphiwa uMdali
Lokumelekelela ekudalekeni kwami,
Ungidlisa emadlelweni mbumbulu,
Uyambuluza ungifunze ubumbulu.

Siduphunga ndini ucabangani?
Uthini ngemvelaphi yami engingenakuyazi?
Ngendlela ongifihlele ngayo ukuyazi
Wangifunza obakh'ubumpoqabulungu,
Ngidedele ngofind'olwami ulimi,
Ngivumele ngiqonde elami isiko,
Ze nami ngikhulise abami ngendlela. (5)

8.3 Phinda ufunde le nkondlo elandelayo bese ubhala umqondo/okushiwo ngumlobi kuyona. Impendulo yakho ibe yimigqa emihlanu.

**Ingqalabutho – LMMS Madondo**

Ingqalabutho, umzukulu kaMakhwatha.
Umshini noLeah babeziqhweba inqulu,
Ngengqalabutho kaZulu.
Wabhul'umbethe nonhlevu.
Nawe Groutville awumncinyana.
Engathi sihaya nje uwe
Owasifundisa ukuhaya ngesimanje.
Wabhul'umbethe ngeNkondlo kaZulu,
Inkondlo kaZulu kwakuyizibulo lakho
Inkondlo kaZulu wavusa uZulu
Wayikhomba indlela kaMakhwatha
Wayikhomba inyathuko njengomholi
Sikhuleka kuMshini benoLeah.

Emva kweshumi leminyaka,
Inkondlo kaZulu yelanywa
Ilanywa Amal'eZulu
Amal'eZulu akunika izimpiko
Wadlondlobala kwajabha izimfamona
Zibona uqombola ummango, uqopha umlando.
Sibongela uMshini noLeah
Kwale nama bekucokofula.

AbaMhlophe nabaNsundu
Thina sithi akusoka lingenasici
OTaylor benomlingani wakhe uGerard
Babethi bakwehlisa isithunzi
Kanti bakushunqisela impepho
Impepho yokudla ubhedu lobunyosi
Sibonga isisu sakho Leah.

Izimbong'eziningi zikushayel'ihlombe
Zitusa ikhono ingqayizivele
Zith'uVilakazi ingqalabutho
ENyuvesi yabamhlophe abeLungu.
Nakuba ilanga lashona useliguqa,
Ukulwile ukulwa okuhle
Umzabalazo wakho usezandleni zethu,
Imbenge owayiqalayo,
Siyosala siyiphetha.
Izinyembezi esakukhipha ngazo,
Namuhla ziyintokozo nethemba. (5)

**[20]**

**NOMA**

## UMBUZO 9: IZINDABA EZIMFUSHANE

### *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ NTULI

### *ILOBOLO* – S ZIMEMA

9.1 Umukhwe kaMandlenkosi wayeyindoda enomona futhi engenalo iqiniso. Fakazela lo mbono ngokucaphuna amaphuzu AMAHLANU atholakala endabeni avumelana nalo mbono. (5)

9.2 Funda nasi isiqephu esicashuniwe bese uphendula imibuzo.

> "Hhayi, angingeni ndawo mina lapho Baba. Ukhona uyise. Kuyobhekwa yena. Akasebenzise imali yelobolo. Iyona okufanele angcwabe ngayo. Ngeke ngize ngiwujike umqondo wami kulokho. Ningalokhu nidlala ngesikhathi senu nizama ukungibonisa ngale nto. Ngeke ngivume ukudlala omunye umuntu. Kufanele ithole isifundo leyo ndoda. Akukho okunye okusha eniyophinde nikuzwe ngami. Angisathandi futhi ukukhuluma ngale nto. Umoya wami wephuke kakhulu. Anginawo amandla okukhuluma. Le nto iwuphazamisa kakhulu umphefumulo wami. Ngihanjelwe umuntu ebengimthanda. Umuntu ebengicabanga ukuthi sizoba nekusasa eliqhakazile naye. Okungiphatha kabi ngokwedlulele yilokhu kokuthi sekufanele ngikhiphe enye imali futhi, ngiyiphe umuntu ongangikhonzanga nakancane. Elami lokugcina lithi ngeke ngisakwazi ukukhipha enye imali ezoya kulowaya muntu mina."
>
> Bagcina ngakho ukugeza izandla abazali bakaMandlenkosi.

9.2.1 Yini eyenza uMandlenkosi angafuni ukwelekelela umukhwe wakhe? (1)

9.2.2 Ubulawe yini umakoti kaMandlenkosi? (1)

9.2.3 Yikuphi okuyikona okucika uMandlenkosi ngokufa komkakhe? (1)

9.2.4 Ngabe abazali bakaMandlenkosi bagcina bekwazile yini ukuguqula umqondo wakhe mayelana nesinqumo ayesesithathile? (1)

9.2.5 Ngokwakho ukubona ngabe uMandlenkosi wayethatha isinqumo esilungile yini uma ethi angeke amelekelele umukhwe wakhe ngezindleko zomngcwabo kamakoti wakhe? Sekela impendulo yakho. (1)

### *UNOZIMOTO* – NAP KHUMALO

9.3 Bhala impedulo yemibuzo elandelayo ngokugcwele.

9.3.1 Wayegane kwabani isibongo uKaMaseko? (1)

9.3.2 Bhala amagama abalisa ababili abagibelisa uKaMaseko emotweni yabo. (2)

9.3.3 Ubani igama lentombazane eyayimi noKaMaseko esitobhini sebhasi eyagibela ibhasi wasala uKaMaseko? (1)

9.3.4 Wabeka siphi isizathu sokungagibeli ebhasini uKaMaseko? (1)

9.4 Khetha impendulo eyiyona yona kozinikeziwe uyibhale ngokugcwele.

9.4.1 Abalisa abagibelisa uKaMaseko emotweni yabo:

A Bamnukubeza ngokocansi.
B Abamenzanga lutho.
C Bamshaya bamshiya ehlathini elimele.
D Akukho kokubalwe ngenhla. (1)

9.4.2 Igama likamyeni kaKaMaseko kwakungu:

A Sam
B Joe
C Ntokozo
D Sipho (1)

9.4.3 AbakaMaseko bahlawula nge ... ngephutha elenziwa yindodakazi yabo lokungalaleli ize ingene enkingeni.

A Mbuzi
B Nkomo
C Siklabhu
D Ngezinkukhu (1)

9.4.4 UKaMaseko wasizwa ukuthi izigebengu ezazimthumbile:

A Zimiswe amaphoyisa.
B Ziphelelwe wuphethiloli.
C Zehle emotweni zingene esitolo wase ethola ithuba lokubaleka.
D Zigule kakhulu zingabe zisakwazi ukushayela. (1)

9.4.5 Okwenza uKaMaseko abanjwe yizigebengu:

A Ukuhlupheka.
B Ukungalaleli imithetho kamkhwenyana wakhe.
C Ukuthi izinto zokuhamba zazingekho endaweni yangakwakhe.
D Ukuthi wayephuthuma. (1)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 20**

**AMAMAKI ESEWONKE: 120**